**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU, EMCIMBINI WOKUXOXISANA NOMPHAKATHI EMAHLABA EMSINGA MHLAKA 15 MARCH 2013.**

Mphathi woHlelo;
Inkosi yesizwe saKwaMajozi;
AmaKhosi esiFunda saseMzinyathi;
IziNduna zamaKhosi zonke;
UMeya wesifunda saseMzinyathi;
UMeya waseMsinga namaKhansela wonke akhona;
Ubuholi bamaphoyisa obukhona;
Abamele ama-CPF ne-KZNCCPA;
Izinhlaka zomphakathi zonke ezikhona ngokwehlukana kwazo;
Umphakathi wonke;

Ngiyanibingelela.

Mangithathe leli thuba nginamukele ngibonge kunina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mhlangano wanamhlanje. Siyazi ukuthi kuningi osekwenziwe ukulungiselela lolu suku kusukela kwehla isigameko esasishiya sishaqekile sonke kulesi fundazwe ngo-August wonyaka odlule.

Yingakho sifisa ukuqala ngokubonga kubo bonke abebeyingxenye yokuzibophezela ukuba sibuyisele le ndawo yaseMahlaba naseMthaleni esimweni esifanele, ukuze abantu bathokozele impilo nokuhlala kule ndawo njengezinye izizwe zamakhosi.

Ukuza kwethu lapha kuyingxenye yohlelo esaluqala njengoHulumeni waKwaZulu-Natal lokuba singenelele ezindaweni ezibonakala zikhungethwe wudlame noma ukungazinzi kwesimo ngenxa yemibango okungaba ngeyezepolitiki, eyemiphakathi noma izigodi ezingaphansi kwamaKhosi kanye nobugebengu obehlukahlukene.

Nalapha ngifisa ukugcizelela engihlale ngikusho nakwezinye izindawo esesike sazihambela, ukuthi noma singenzani thina njengoHulumeni kodwa ukhiye wangempela ekuqinisekiseni ukuthula nokuphepha endaweni yizo izakhamuzi uqobo. Njengesizwe kumele siwuqede lo mkhuba wokuthi uma sinezinkinga sizixazulula ngodlame.

Lokhu sikusho ngoba emlandweni wesintu akuvamile ukuthi kube yimpi egcina iyisisombululo senkinga esuke yenza abantu balwe. Ekugcineni kumele bagcine bexoxile. Noma ukuxoxa kuvamise ukuthi kwenzeke sekuliwe kwafa abantu, kwagcwala amathuna yonke indawo, kusale amagqubu nenzondo. Kodwa bagcina sebesibona isidingo sokuxoxisana.

Manje ingozi yokuqala ngempi ngukuthi igcina isikapakele ezizukulwaneni ezilandelayo. Uthole abantu bengasezwani kodwa bengaxabene bona ziqu zabo, kuphela nje kungukuthi omunye wazi ukuthi oyise babulawa oyise balona omunye.

Kuyimanje nje sibhekene nenkinga efanayo lapha KwaZulu-Natal kwezepolitiki. Kunabantu abangadela konke ngisho ukuthola izidingo zentuthuko uma nje lokho kuzohambisana nokuthi kulethwa uHulumeni ophethwe iqembu lepolitiki elithile.

Uma uthi uyalandela ukuthi kubangwani nalelo qembu, uthole ukuthi inzondo nje kuphela. Bese uyabona-ke ukuthi siseyisizwe esigulayo uma kusenabantu abanjalo.

Namhlanje-ke usuku esithi siyajabula ngalo ukuthi sithole ithuba lokucobelelana ngemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu walapha endaweni yaseMahlaba naseMzinyathi wonkana.

Siyazi ukuthi kusukela kwenzeka isigameko sangonyaka odlule sokubulawa kwabantu abayisikhombisa (7) lapha eMahlaba ababengamalungu eSikebhe, njengoHulumeni besilokhu sihola izinhlelo zokuba kwenziwe uxolo kule ndawo.

Phakathi kwalokhu kube ukuhlela inkundla yokuxoxisana phakathi kwemiphakathi yaseMahlaba naseMthaleni, obekuhlelwa ngokubambisana neNkosi uMajozi, namaKhansela, i-CPF ne-KZN CCPA. Inhloso yalokhu kuxoxisana bekungukuba kugcine kwenziwe umcimbi wokuthelelana amanzi phakathi kwale miphakathi.

Kodwa kumele sikugcizelele ukuthi uhlelo lokuthelelana amanzi aluphazamisani nomsebenzi wamaphoyisa okumele aqhubeke nokuphenya abophe lapho kufanele khona.

Nokho-ke, masikusho futhi ukuthi siyaphoxeka njalo uma kubakhona imibiko yokuthi kukhona amaphoyisa asoleka ekubeni nesandla ekubhebhezeleni ubugebengu nokungazinzi kwesimo ezindaweni esihlala kuzona. Sikugxeka ngayo yonke indlela lokho.

Kodwa isicelo sethu ngukuba imiphakathi inikeze izinhlaka zomthetho ithuba lokubhekana nalabo abasolekayo. Inqobo nje uma abantu bephumela obala nobufakazi.

Siyazi ukuthi le ndawo ingenye yalezo ezisasilele emuva kakhulu ngengqalasizinda yentuthuko. Isisekelo sentuthuko-ke ngukuba indawo ibe nokuthula nentando yeningi. Ngale kwalokho iyohlale ihambela le kude intuthuko.

Yingakho-ke sithi namhlanje mphakathi siyaninxusa ukuba nisukume nithathe indawo yenu ekulweni nalesi hlava esihlasele indawo yaseMsinga sokubulawa kwabantu okuhambisana nezenzo zokwebiwa kwemfuyo.

Masibambisane noHulumeni sibe yingxenye yokulekelela uMongameli wethu uMsholozi othe ngesikhathi sokuphatha kwakhe kumele kuphuthunyiswe intuthuko ezindaweni zasemakhaya.

Noma uHulumeni kaMsholozi ungafisa kanjani ukwenza izinto enawuqokela ukuba uzenze njengoba uzenza yonke indawo nje, angeke-ke kwenzeke loko ezindaweni abantu bakhona abasahluleka ukuhlala phansi babonisane, badodisane, baqhamuke nekhambi lokuqeda izimo ezenza ukuthi njengomphakathi singayi phambili, sime ndawonye.

Akungafiki isikhathi lapho niyohlulelwa khona yizingane zenu nesizukulwane esizayo. Azingathi izingane zenu nahluleka ngisho sekufike uHulumeni wesifundazwe nangakwazi ukusukuma nithathe indawo nakhe umphakathi ongenabo ubugebengu, ikakhulukazi lobu bokwebiwa kwemfuyo.

Umlando ongemuhle wezimpi zaseMsinga asifisi ukubona uziphinda esikhathini esizayo. Sesabancoma sababonga abantu baseMsinga ngokuqeda izimpi, ngakho-ke ngeke sivume zivuke ngenxa yobugebengu.

Khona futhi ngonyaka odlule sethule uhlelo lokufaka uphawu imfuyo, okuyinto eyenza lula kubanikazi bemfuyo ukuyihlonza uma ilahlekile noma yebiwe.
Indaba yokuphawulwa kwemfuyo sekukhulunywe ngayo ezithangamini eziningi zokuxazulula inkinga yokwebiwa kwemfuyo lapha esifundazweni.

Kubuhlungu ukuthi abantu abaningi bagcina bengakwazi ukuthola izinkomo zabo bebe bezibona ngenxa nje yokuthi abanabo ubufakazi obubambekay bokuthi ngezabo ngempela. Lolu hlelo luzoqeda ukuhlukumezeka kwabantu abahlukumezwa amasela emfuyo.

Masivumelane bakwethu ukuthi ngempela imfuyo kubantu basemakhaya iyimali, iyimfundo yezingane, iwukudla, kanti futhi iyasebenza uma kwakhiwa ubuhlobo obuhle phakathi kwemindeni emibili uma kushadwa.

Ngakho-ke njengoba sesiqale lolu hlelo lokubuyisana namhlanje, masizibophezele ekuzivuseleleni kabusha nokubambisana kwethu okuzosithatha kusibeke esigabeni esingcono sempilo, sihlalisane ngokuzwana nangokuthula emphakathini wethu.

**Ngiyabonga**